

Inqubomgomo yobumfihlo

I-illingworth Research Group Limited icelwe umxhasi wocwaningo/inkampani eseceleni ekhethwe umxhasi ukuba inakekele ezokuthutha zakho ocwaningweni lwezokwelapha (uCwaningo Lwezokwelapha), indawo yokuhlala kanye/noma izindleko njengengxenywe yoCwaningo Lwezokwelapha. Ukuze senze lokhu, kumelwe siqoqe, sigcine futhi sabelane ngemininingwane yakho, okusenza sibe “abacubunguli bemininingwane”. Lokhu kusho ukuthi sigcina futhi sisebenzise imininingwane emayelana nawe.

Le nqubomgomo ichaza indlela esiqoqa nesisebenzisa ngayo imininingwane emayelana nawe ukuze sinakekele ezokuthutha, indawo yokuhlala kanye neNsiza yesibonelelo sezindleko (eyaziwa nangokuthi yi-PatientGo), ngokuvumelana ne-General Data Protection Regulation (i-GDPR) kanye nomthethonqubo wokuvikelwa kwemininingwane. Le nqubomgomo isebenza kuphela kubabambiqhaza abazosebenzisa le Nsiza. Imininingwane yakho osinika yona ngesikhathi usebenzisa i-App ihlukile futhi ayifani nemininingwane yoCwaningo Lwezokwelapha njengoba kuchaziwe kudokhumenti yakho yokunikeza imvume, kanye nomxhasi woCwaningo Lwezokwelapha/inkampani eseceleni ekhethwe nguye.

Sicela ufunde okulandelayo ngokucophelela, ukuze uqonde izinqubo zethu mayelana nemininingwane yakho nendlela esizoyisebenzisa ngayo ngokuphathelene ne-App, kanye nokusebenzisa kwakho iNsiza.

Imvume yokufaka i-App

Ngaphansi kwemithetho yokuvikelwa kwemininingwane, sibophekile ukuba sikunikeze imininingwane ethile emayelana nokuthi singobani, indlela esicubungula ngayo imininingwane yakho nenjongo yokwenza lokho, kanye namalungelo akho ngokuphathelene nemininingwane yakho.

Ngokufaka i-App, usuke ubonisa ukuthi uyavuma ukuba sicubungule imininingwane yakho naleyo Ebucayi (ngokwesibonelo, igama lakho, imininingwane yokuxhumana, imininingwane yephasipoti, imininingwane yezimali neyezempilo) njengoba kuchaziwe kule nqubomgomo.

Indlela yokuhoxisa imvume yakho

Ungase ushintshe umqondo wakho futhi uhoxise imvume yakho nganoma yisiphi isikhathi ngokuthi uxhumane nathi ku-PatientGO@illingworthresearch.com; kodwa lokhu ngeke kuthinte ukuba semthethweni kwanoma yikuphi ukucubungulwa kwemininingwane okwenziwe ngaphambi kokuba uhoxise imvume yakho. Sicela uphawule ukuthi ukuhoxisa imvume yakho kungase kuthinte ukukwazi kwethu ukufeza noma yiziphi izicelo ozenze ku-App, njengokukhokhelwa kwesibonelelo sezindleko ngokwesibonelo.

Isethulo

Le nqubomgomo (kuhlanganise nesivumelwano sethu sokusebenzisa njengoba sichazwe ku-<https://illingworthresearch.com/patientgo-terms> (i-EULA) kanye nanoma yimiphi imigomo yokusebenzisa ehlanganiswa yisikhombo ku-EULA, kanye Nemigomo Yethu Yokusebenzisa) iyasebenza lapho usebenzisa lokhu:

- I-PatientGO Uhlelo 1 okuyi-app yomshini ophathwayo (i-App) itholakala kokubili ku-Google Play naku-Apple Store. Lapho usuyidawunilodile noma usufake ikhophi ye-App kumakhalekhukhwini wakho noma idivayisi yakho ephathwayo (Idivayisi).
- Insiza ye-PatientGO itholakala nge-App (IziNsiza) etholakala kuWebusayithi Ye-App noma kwamanye amawebusayithi ethu (Amawebusayithi Ezinsiza). Le nqubomgomo ichaza isizathu zokucubungula noma yimiphi imininingwane yakho (kuhlanganise imininingwane Ebucayi) esiyiqoqa kuwe noma osinikeza yona.
- Le App ayihloselwe ukusetshenziswa yizingane (“iNgane” yinoma ubani oneminyaka engaphansi kwengu-18) futhi uma umbambiqhaza oCwaningweni Lwezokwelapha kuyiNgane efisa ukusebenzisa i-App kanye neNsiza, i-App iyokwenziwa itholakele futhi iNsiza iyohlinzekwa kuphela uma umuntu onakekela iNgane kungunye osebenzisa i-App. Sicela ufunde okulandelayo ngokucophelela ukuze uqonde izinqubo zethu ngokuphathelene nemininingwane yakho (kuhlanganise imininingwane Ebucayi) nendlela esiyiphatha ngayo.

Imininingwane ebalulekile nokuthi singobani

I-illingworth Research Group Limited ingumlawuli futhi yiyo enakekela imininingwane yakho (sekukonke ibizwa ngokuthi "illingworth", "thina", noma "okwethu" kule nqubomgomo).

Uma unanoma yimiphi imibuzo mayelana nale nqubomgomo yobumfihlo, sicela uxhumane nathi usebenzisa imininingwane engezansi.

Imininingwane yokuxhumana

Imininingwane yethu ephelele ithi:

- Igama eliphelele lenhlangano Illingworth Research Group Limited
- Ikheli le-imeyili: PatientGO@illingworthresearch.com
- Ikheli leposi: Suite 5, Silk House, Park Green, Macclesfield, Cheshire, SK11 7QJ, United Kingdom

Unelungelo lokufaka isikhalo nganoma yisiphi isikhathi ku-Information Commissioner's Office (ICO), isiphathimandla sase-UK esibhekene nezinkinga zokuvikeleka kwemininingwane noma ezinye iziphathimandla ezifanele zezwe eliyilungu le-EU uma i-App idawunilodwe ngaphandle kwase-UK.

Izinguquko kunqubomgomo yobumfihlo kanye nomthwalo wakho wokusibikela ngezinguquko

Sihlale siyithuthukisa inqubomgomo yethu yobumfihlo. Lolu hlelo lugcine ukuthuthukiswa ngomhla ka-23 June 2020.

Siyaligodla ilungelo lokuthuthukisa le Nqubomgomo Yobumfihlo nganoma yisiphi isikhathi, ngaphandle kokukhipha isaziso kusengaphambili. Sikukhuthaza ukuba uhlale uhlola iNqubomgomo Yobumfihlo ukuze ubone noma yiziphi izinguquko.

Kubalulekile ukuba imininingwane yakho kanye naleyo Ebucayi esiyigcinile kube enembile neyakamuva. Sicela usitshale uma kuba khona noma yiziphi izinguquko phakathi nokusebenzisana kwethu nawe.

Imininingwane esiyiqoqayo ngawe

Singase siqoqe, sisebenzise, sigcine noma sidlulisele kwabanye lezi zinhlobo ezilandelayo zemininingwane emayelana nawe:

- Imininingwane Kamazisi.
- Imininingwane Yokuxhumana.
- Imininingwane Yezimali.
- Imininingwane Yokuhweba.
- Imininingwane Yedivayisi.
- Imininingwane Yokuqukethwe.
- Imininingwane Yephrofayela.
- Imininingwane Yokusebenzisa.
- Imininingwane Ebucayi.

Imininingwane Ebucayi

Siqoqa imininingwane yakho Ebucayi (lokhu kungase kuhlenganise imininingwane emayelana nohlanga lwakho, ubuzwe, inkolo, izinkolelo zefilosofi kanye nemininingwane ngempilo yakho). Siyoqoqa futhi sicubungule kuphela imininingwane Ebucayi lapho idingeka ngokuqondile ukuze sifeze izinguquko ozenzile ku-App, njengezinhlelo zezokuthutha noma zendawo yokuhlala.

Iqoqwa kanjani imininingwane yakho?

Sizoqoqa futhi sicubungule imininingwane elandelayo ngawe:

- **Imininingwane osinika yona.** Lena yimininingwane (kuhlanganise Imininingwane Kamazisi, Eyokuxhumana Neyezimali) emayelana nawe ovuma ukusinika yona lapho ugcwalisa amafomu kuWebusayithi Ye-App nakumaWebusayithi EziNsiza (ndawonye okubizwa ngokuthi AmaWebusayithi Ethu), noma ngokuxhumana nathi (ngokwesibonelo, nge-imeyili noma ngengxoxo). Ihlanganisa imininingwane osinika yona lapho ubhalisela ukusebenzisa iWebusayithi Ye-App, ukudawuniloda noma ukubhalisa i-App, ukubhalisa eNsizeni yethu, ukucinga i-App noma iNsiza, kanye nalapho usebenzisa i-App ukuze ufake izicelo zento yokuhamba kanye nendawo yokuhlala, ukuthola isibonelelo sezindleko, ukubika inkinga nge-App, iziNsiza zethu noma enye yamaWebusayithi Ethu. Uma uxhumana nathi, sizogcina irekhodi laleyo ngxoxo.
- **Imininingwane esiyigcinayo emayelana nawe nedivayisi yakho.** Isikhathi ngasinye uvakashela enye yamaWebusayithi Ethu noma usebenzisa enye yama-App ethu ngokuzenzakalelayo sizoqoqa imininingwane yakho ehlanganisa Imininingwane Yedivayisi, Yokuqokethwe kanye Neyendlela Oyisebenzisa Ngayo. Sizoqoqa le mininingwane sisebenzisa ama-cookies kanye nobunye ubuchwepheshe obufuze lobo.
- **Imininingwane esiyithola kweminye imithombo kuhlanganise izinkampani eziseceleni kanye nemithombo esemphakathini.** Sizothola imininingwane ngawe ezinkampanini ezihlukahlukene eziseceleni njengoba kuchaziwe ngezansi:
 - Imininingwane Kamazisi Neyokuxhumana evela kumxhasi wocwaningo noma enkampanini eseceleni ekhethwe nguye engase ibe ngaphakathi **NOMA** ngaphandle kwe-UN.

Ama-cookies

Sisebenzisa ama-cookies kanye/noma obunye ubuchwepheshe bokulandelela ukuze sikuhlukanise kwabanye abasebenzisi be-App, iWebusayithi Ye-App, inkundla yokusabalalisa (i-Appstore) noma amaWebusayithi Ezinsiza kanye nokukhumbula izinto ozithandayo. Lokhu kususiza sikuhlinzeke ngokungcono kakhulu lapho usebenzisa i-App noma lapho uzulazula kumaWebusayithi Ethu futhi kusivumela ukuba sithuthukise i-App kanye namaWebusayithi Ethu. Ukuze uthole imininingwane eningilizwe yama-cookies esiwasebenzisayo, injongo yokuwasebenzisa nendlela ongakhetha ngayo ngokuphathelele nendlela esisebenzisa ngayo ama-cookies akho, sithumele i-imeyili [ku-PatientGO@illingworthresearch.com](mailto:PatientGO@illingworthresearch.com)

Indlela esisebenzisa ngayo imininingwane yakho naleyo Ebucayi

Sizosebenzisa kuphela imininingwane yakho lapho umthetho usivumela ukuba senze kanjalo. Ngokuvamile sizosebenzisa imininingwane yakho ezimweni ezilandelayo:

- Lapho uvumile ngaphambi kokucubungulwa kwemininingwane.
- Lapho kudingeka ukuba senze isivumelwano esizongena kuso noma esesingene kuso kakade nawe.
- Lapho kudingeka khona ukuze senze umsebenzi wethu (noma owenkampani eseceleni) futhi izinzuzo namalungelo akho kunganqubuzani nalowo msebenzi.
- Lapho kudingeka sihloniphe izimfuneko zomthetho nemithethonqubo.

Izinjongo zokusebenzisa imininingwane yakho naleyo Ebucayi

| Injongo/umsebenzi | Uhlobo lwemininingwane | Isizathu esingokomthetho sokucubungula |
|--|--|--|
| Ukufaka i-App nokukubhalisa njengomsebenzisi we-App omusha | Kamazisi Yokuxhumana Yezimali Yedivayisi | Imvume yakho Ukwenza ngokuvumelana nesivumelwane nawe Kuyadingeka ukuze senze imisebenzi yethu (ukukunikeza isibonelelo sezindleko) |
| Ukucubungula izicelo ezenziwe ku-App kanye nokuhlinzeka ngeziNsiza kuhlanganise ukunakekela izicelo zezinto zokuthutha/indawo yokuhlala kanye nokunikeza isibonelelo sezindleko. | Kamazisi Yokuxhumana Yezimali Yohwebo Yedivayisi Yendawo Imininingwane Ebucayi | Imvume yakho Ukwenza ngokuvumelana nesivumelwane nawe Kuyadingeka ukuze senze imisebenzi yethu (ukukunikeza isibonelelo sezindleko) |
| Ukunakekela ubuhlobo nawe kuhlanganise ukukutshela ngezinguquko ezikhona ku-App noma eziNsizeni | Kamazisi Yokuxhumana Yezimali Yephrofayela | Imvume yakho Ukwenza ngokuvumelana nesivumelwane nawe Kuyadingeka ukuze senze imisebenzi yethu (ukugcina amarekhodi engawakamuva futhi sihlaziye indlela amakhasimende asebenzisa ngayo iziNsiza zethu) Kuyadingeka ukuze sihloniphe izimfuneko zomthetho (ukukutshela nganoma yiziphi izinguquko zemigomo nemibandela yethu) |
| Ukuqondisa nokuvikela ibhizinisi lethu kanye nale-App okuhlanganisa ukulungisa izinkinga, ukuhlaziya imininingwane nokuvivinya isistimu | Kamazisi Yokuxhumana Yezimali | Kuyadingeka ukuze senze umsebenzi wethu (ukuqondisa ibhizinisi lethu, ukuhlinzeka imisebenzi yobubhalane neyobuchwepheshe, isivikelo senethiwekhi) |

Ukudalula imininingwane yakho

Lapho uvuma ukusinikeza imininingwane yakho naleyo Ebucayi, sizocela nemvume yokudlulisela imininingwane yakho ezinkampanini eziseceleni ezichazwe ngezansi ngezinjongo ezichazwe etafuleni:

- Izinkampani Eziseceleni Ezangaphakathi njengoba kuchazwe Ohlwini Lwencazelo *Yamagama*.
- Izinkampani Eziseceleni Ezangaphandle njengoba kuchazwe Ohlwini Lwencazelo *Yamagama*.
- Izinkampani eziseceleni esingakhetha ukuzidayisela, ukudlulisela noma ukuhlanganisa ingxenye yebhizinisi lethu noma impahla yethu nazo. Ngakolunye uhlangothi, singase sifune ukuthenga amanye amabhizinisi noma sihlangane nawo. Uma kuba noshintsho olwenzeka ebhizinisini lethu, abanikazi abasha bangase basebenzise imininingwane yakho kanye nemininingwane Ebucayi ngendlela efanayo echazwe kule nqubomgomo yobumfihlo.

Ukuthumela kwamanye amazwe

Izinkampani eziningi eziseceleni zingaphandle kwe-EEA ngakho inqubo yazo yokucubungula imininingwane yakho izohlanganisa ukuthunyelwa kwemininingwane ngaphandle kwe-EEA.

Noma nini lapho sithumela imininingwane yakho ngaphandle kwe-EEA, siqinisekisa ukuthi kusetshenziswa izinga elifanayo lokuvikeleka ngokuqikelela ukuthi okungenani kusetshenziswa enye yezivikelo ezilandelayo:

- Sizothumela imininingwane yakho kuphela emazweni abhekwa njengakwazi ukukunikeza izinga elifanele lokuvikelwa kwemininingwane yomuntu yi-European Commission. Ukuze uthole imininingwane eyengeziwe bheka i-European Commission: Ukukwazi ukuvikela imininingwane yomuntu emazweni angekho ku-EU.
- Lapho sisebenzisa abahlinzeki abathile bezinsiza, singase sisebenzise izivumelwano eziqondile ezigunyazwe yi-European Commission ezinika imininingwane yomuntu isivumelwano esifana naleso esitholakala e-Europe. Ukuze uthole imininingwane eyengeziwe bheka i-European Commission: Izivumelwano ezintsha zokuthunyelwa kwemininingwane yomuntu emazweni asiseceleni.
- Lapho sisebenzisa abahlinzeki abase-US, singase sithumele imininingwane kubo uma beyingxenye ye-Privacy Shield edinga ukuba banikeze isivikelo emininingwaneni yomuntu esifana naleso esitholakala e-Europe nase-US. Ukuze uthole imininingwane eyengeziwe bheka i-European Commission: EU-US Privacy Shield.

Sicela uxhumane nathi uma ufuna imininingwane eyengeziwe ngezinqubo eziqondile ezisetshenziswa yithi lapho sithumela imininingwane yakho ngaphandle kwe-EEA.

Data security Ukuvikelwa kwemininingwane

Yonke imininingwane osinika yona igcinwa kumaseva ethu avikelekile. Imininingwane egciniwe “engasetshenziswa” kumaseva ethu avikelekile ivikelwe ngokusetshenziswa kwezindlela zokukhiya ezihamba phambili. Lapho sikunike (noma lapho ukhethe khona) iphasiwedi ekuvumela ukuba ungene ezingxenyeni ezithile zamaWebusayithi Ethu, kuwumthwalo wakho ukugcina le phasiwedi iyimfihlo. Sicela ukuba ungayinikezi muntu le phasiwedi.

Lapho sesiyitholile imininingwane yakho, sizosebenzisa izinqubo ezicophelelayo kanye nezici zokuphepha ukuze sizame ukuvimbela imininingwane yakho ekulahlekeni ngephutha, ukusetshenziswa noma ukufinyelelwa ngendlela engagunyaziwe. Imininingwane edluliselwa phakathi kwakho njengoMsebenzisi (**Umsebenzisi**) kanye ne-illingworth njengengxenyane yeNsiza ivikelwa ngokusetshenziswa kwezindlela zokukhiya ezihamba phambili. Imininingwane egcinwa kumaseva ethu ivikelwa ngokusetshenziswa kwezindlela zokukhiya kanye nama-firewalls asezingeni eliphezulu ukuze kuvinjwe ukungena okungagunyaziwe.

Akukho mininingwane edalula umuntu egcinwa kudivayisi yoMsebenzisi. Amathokheni amabili okukhiya agcinwa kudivayisi yoMsebenzisi ukuze kube lula ngaye ukungena.

Sibeke inqubo ebhekana nanoma yikuphi ukungena okubonakala kungekho emthethweni futhi izokutshela wena kanye nanoma yimuphi omunye umlawuli obhekana nalokhu lapho umthetho udinga ukuba senze kanjalo.

Ukugcinwa kwemininingwane

Ngokomthetho kudingeka sigcine imininingwane eyisisekelo ngawe (okuhlanganisa Imininingwane Yokuxhumana, Yezimali Neyohwebo) iminyaka eyisikhombisa ngemva kokuphela koCwaningo Lwezokwelapha ngezinjongo zokuhlolwa kwezimali.

Kwezinye izimo ungasicela ukuba siyisuse imininingwane yakho: bheka **Amalungelo akho ezomthetho** ngezansi ukuze uthole imininingwane eyengeziwe.

Kwezinye izimo singase siyisuse igama imininingwane yakho (ukuze ingabe isahlotshani nawe) ngezinjongo zocwaningo noma zokugcinwa kwezibalo, okuzobangela ukuba sisebenzise leyo mininingwane ngokungenamikhawulo ngaphandle kokubhekisela kuwe futhi.

Amalungelo akho ezomthetho

Ngaphansi kwezimo ezithile unamalungelo alandelayo ngaphansi kwemithetho evikela imininingwane ngokuphathelene nemininingwane yakho.

- **Isicelo sokufinyelela** imininingwane yakho (ngokuvamile okwaziwa ngokuthi "isicelo sokufinyelela uhlobo lwemininingwane")
- **Isicelo sokulungisa** imininingwane yakho esiyigcinile
- **Isicelo sokusula** imininingwane yakho
- **Ukwenqaba ukucubungulwa** kwemininingwane yakho lapho sincike ekwenziweni komsebenzi (noma kwenkampani eseceli) futhi kukhona okuthile ngesimo sakho esenza ufune ukwenqaba ukucubungulwa kwemininingwane ngenxa yalesi sizathu ngoba unomuzwa wokuthi kunqubuzana namalungelo akho nenkululeko
- **Isicelo sokubeka imingcele yokucubungulwa** kwemininingwane yakho
- Isicelo **sokudluliselwa** kwemininingwane yakho kuwe noma enkampanini eseceleni
- **Hoxisa imvume nganoma yisiphi isikhathi** lapho sincike emvumeni ukuze sicubungule imininingwane yakho

Ungasebenzisa noma yiliphi ilungelo kulawa nganoma yisiphi isikhathi ngokuxhumana nathi e-Suite 5, Silk House, Park Green, Macclesfield, Cheshire, SK11 7QJ, United Kingdom NOMA ku-PatientGO@illingworthresearch.com

Uhlu lwezincazelo yamagama

Isizathu esingokomthetho

Imvume isho ukucubungulwa kwemininingwane yakho lapho uvume khona ngesitatimende noma ngenqubo ecacile yokungena ngenxa yenjongo ethile. Imvume izosebenza kuphela uma inikezwa ngokukhululekile, ngokucacile, lapho umuntu enolwazi futhi kungekho kudideka kokuthi ufunani. Ungayihoxisa imvume nganoma yisiphi isikhathi ngokusithinta.

EEA isho ukuthi European Economic Area (Indawo Yezomnotho EYurophu).

Okudingekayo ukuze senze umsebenzi wethu kubhekisela ekuqondiseni nasekunakekeleni ibhizinisi lethu ukuze sikwazi ukukuhlinzeka ngezinsiza ezingcono/imikhiqizo kanye nokuvikeleka okuphambili. Siqikelela ukuthi sicabangela futhi silinganisele umthelela ozoba khona kuwe (kokubili okuhle nokubi) kanye namalungelo akho ngaphambi kokucubungula imininingwane yakho ukuze senze umsebenzi wethu. Asiyisebenzisi imininingwane yakho lapho senza imisebenzi evinjelwa umthelela ozoba khona kuwe (ngaphandle uma sithole imvume kuwe noma uma kudingwa noma kuvunyelwa umthetho). Ungathola imininingwane eyengeziwe mayelana nendlela esithola ngayo okudingekayo ukuze sisebenze lapho kukhona umthelela ongase uze kuwe ngokuphathelene nemisebenzi ethile ngokuthi uxhumane nathi.

Isivumelwano Sokusebenza sisho ukucubungulwa kwemininingwane yakho lapho kudingeka ukuze kwenziwe ngokwesivumelwano oyingxenye yaso noma ukuze kuthathwe izinyathelo ngokuvumelana nesicelo sakho ngaphambi kokuba ungene esivumelwaneni esinjalo.

Ukwenza ngokuvumelana nezimfuneko zomthetho kusho ukucubungula imininingwane yakho lapho kudingeka khona ukuze kuhlonishwe izimfuneko zomthetho esingaphansi kwawo.

Izinkampani eziseceleni

Izinkampani ezangaphakathi eziseceleni

Ezinye izinkampani ku-illingworth Group ezisebenza ngokubambisana njengabalawuli noma abacubunguli ezise-Spain, France, Italy, Australia nase-United States of America futhi ezisihlinzeka ngemisebenzi ye-IT nokuqondiswa kwesistimu futhi ezibika ngobuholi.

Izinkampani ezangaphandle eziseceleni

Abahlinzeki bezinkonzo abasebenza njengabacubunguli futhi abahlinzeka ngemisebenzi ye-IT nokuqondiswa kwesistimu.

Abeluleki abangogoti abasebenza njengabacubunguli noma abalawuli ababambisene kuhlanganise abameli, abasebenza ebhange, abacwaningi mabhuku kanye nabezomshwalense bahlale behlinzeka ngezinkonzo zokweluleka, zebhange, zezomthetho, zomshwalense nezokubalwa kwezimali.

Abahlinzeki bezinkonzo abasebenza njengabacubunguli abakunikeza ezokuhamba, indawo yokuhlala nezokuthutha njengengxenye yeziNsiza.

I-HM Revenue and Customs, abahlola ukulandelwa kwemithethonqubo kanye nezinye iziphathimadla ezisebenza njengacubunguli noma abalawula ngokubambisana abase-UK abadinga ukubikwa kwezenzo zokucubungula ezimweni ezithile.

Amalungelo akho ezomthetho

Unelungelo lokwenza lokhu:

- **Ukucela ukufinyelela** imininingwane yakho (ngokuvamile okwaziwa ngokuthi "isicelo sokufinyelela uhlobo lweminingwane"). Lokhu kukuvumela ukuba uthole ikhophi yemininingwane yakho esiyigcinile futhi uhlole ukuthi ingabe siyicubungula ngendlela esemthethweni.
- **Isicelo sokulungisa** imininingwane yakho esiyigcinile. Lokhu kukuvumela ukuba ulungise noma yimiphi imininingwane esiyigcinile engaphelele noma enganembile, ngisho noma kungase kudingeke ukuba siqinisekise ukunemba kwemininingwane emisha osinika yona.
- **Isicelo sokusula** imininingwane yakho. Lokhu kukuvumela ukuba usicele ukuba sidilithe noma sisuse imininingwane yakho lapho kungekho sizathu esizwakalayo sokuqhubeka siyicubungula. Uphinde ube nelungelo lokusicela ukuba sidilithe noma sisuse imininingwane yakho lapho usebenzise ngokuphumelelayo ilungelo lakho lokwenqaba ukucubungulwa kwemininingwane (bekha ngezansi), lapho kungenzeka siye sacubungula khona imininingwane yakho ngokungemthetho noma lapho kudingeka ukuba sisuse imininingwane yakho ukuze sivumelane nomthetho. Nokho, phawula ukuthi singase singakwazi ukwenza ngokuvumelana nesicelo sakho sokususa ngaso sonke isikhathi ngenxa yezizathu zomthetho ozochazelwa zona, uma kufaneleka, ekugcineni kwesicelo.
- **Ukwenqaba ukucubungulwa** kwemininingwane yakho lapho sincike ekwenziweni komsebenzi (noma kwenkampani eseceli) futhi kukhona okuthile ngesimo sakho esenza ufune ukwenqaba ukucubungulwa kwemininingwane ngenxa yalesi sizathu ngoba unomuzwa wokuthi kungqubuzana namalungelo akho nenkululeko Kwezinye izimo, singase sibonise ukuthi sisenesizathu esizwakalayo sokucubungula imininingwane yakho okungqubuzana namalungelo akho nenkululeko.
- **Isicelo sokubeka imingcele yokucubungulwa** kwemininingwane yakho. Lokhu kukuvumela ukuba usicele ukuba simise ukucubungula imininingwane yakho ezimweni ezilandelayo:
 - (a) uma ufuna ukubona ukunemba kwemininingwane;
 - (b) lapho ukusebenzisa kwethu imininingwane kungekho emthethweni kodwa ungafuni ukuba siyisuse;
 - (c) lapho udinga ukuba sigcine imininingwane ngisho noma singasayidingi ngoba uyidinga ukuze uthole, usebenzise noma uvikele izimangalo zomthetho; noma
 - (d) unqabele ukusebenzisa kwethu imininingwane yakho kodwa sidinga ukuqinisekisa ukuthi sinazo yini izizathu ezisivumela ukuba siqhubeke siyisebenzisa.
- **Cela ukudluliselwa** kwemininingwane yakho kuwe noma enkampanini eseceleni. Sizoyidlulisela kuwe, noma enkampanini eseceleni oyikhethile, imininingwane yakho ngendlela ehlelekile, evame ukusetshenziswa, ngefomathi efundeka emshinini. Phawula ukuthi leli lungelo lisebenza kuphela emininingwaneni esemshinini oye wasinikeza imvume ekuqaleni ukuba siyisebenzise noma lapho sisebenzise khona imininingwane ukuze senze ngokwesivumelwano esinaso nawe.
- **Hoxisa imvume nganoma yisiphi isikhathi** lapho sincike emvumeni ukuze sicubungule imininingwane yakho Nokho, lokhu ngeke kuthinte ukuba semthethweni kwanoma iyiphi inqubo eyenziwe ngaphambi kokuba uhoxise imvume yakho. Uma uhoxisa imvume yakho, singase singakwazi ukukuhlinzeka ngemikhiqizo ethile noma izinsiza. Sizokutshela lokhu uma lokhu kwenzeka ngesikhathi uhoxisa imvume yakho.

Incazelo yezigaba zeminingwane yomuntu

- **Imininingwane Kamazisi:** igama, isibongo, isibongo sangaphambi komshado, igama lomsebenzisi noma okufana nalo okukhulukanisayo, isimo somshado, isiqu, usuku lokuzalwa, ubulili, imininingwane yephasipoti kuhlangukise inombolo, igama, izwe ekhishwe kulo kanye nosuku ephelwa ngalo.
- **Imininingwane Yokuxhumana:** ikheli lasekhaya, ikheli le-imeyili, izinombolo zocingo kanye neminingwane yokuxhumana ezimweni eziphuthumayo.
- **Imininingwane Yezimali:** imininingwane yasebhangwe kanye neyekhadi okukhokhwa ngalo.
- **Imininingwane Yokuhweba:** ihlanganisa imininingwane ngemali oyikhokhelwe kanye neminingwane yezicelo ezenziwe ku-App.
- **Imininingwane Yedivayisi:** ihlanganisa uhlobo lwedivayisi oyisebenzisayo, okuhlukile okudalula idivayisi (ngokwesibonelo, inombolo ye-IMEI yedivayisi yakho, ikheli le-MAC lenethiwekhi yedivayisi yokuxhuma ku-inthanethi, noma inombolo yocingo esetshenziswa yiDivayisi yakho,] imininingwane yenethiwekhi kamakhalekhukhwini wakho, isistimu esetshenziswa umakhalekhukhwini wakho, uhlobo lwe-browser oyisebenzisayo, kanye namasethingi esikhathi nendawo.
- **Imininingwane Yokuqokethwe:** Ihlanganisa imininingwane egcinwe kuDivayisi yakho, kuhlangukise izithombe, amavidiyo noma okunye okuqokethwe;
- **Imininingwane Yephrofayela:** ihlanganisa igama lomsebenzisi nephasiwedi, umlando wezicelo ezenziwe ku-App, okuthandayo kanye nokuphawulal.
- **Imininingwane Yokusebenzisa:** ihlanganisa imininingwane yokusebenzisa kwakho noma iyiphi i-App yethu noma ukuvakashela kwakho noma iyiphi iWebusayithi yethu kuhlangukise, kodwa akulinganiswe kukho, imininingwane yezikhathi zokungena kanye neminye imininingwane yokuxhumana, kungakhathaliseki ukuthi lokhu kuyadingeka ngezinjongo zokuchaza isikweletu noma okunye kanye nezinsiza ozisebenzisile.

Imininingwane Ebucayi

Lena izohlangukisa noma yimiphi imininingwane osinika yona ehlobana ngokuqondile nesicelo osenzayo ku-App, njengesicelo sento yokuthutha, noma indawo yokuhlala), futhi singase sihlangukise neminingwane emayelana nohlangukisa noma ubuzwe inkolo noma izinkolelo kanye neminingwane ngempilo yakho.